

KUMISWE UKUTHUTHWA KWEMFUYO UKUNQANDA UKUBHEBHETHEKA KWAMATELE



UNGQONGQOSHE woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali uNkk Bongive Sithole-Moloi uqinise umkhankaso wokugonywa kwemfuyo eHluhluwe muva nje. Lokhu kulandela ukubheduka kwesifo samatele eziFundeni iKing Cetshwayo, Zululand kanye nesaseMkhanyakude. UNgqongqoshe uthe unethemba lokuthi njengoba kuqalwa lo mkhankaso sizonqandeka isifo samatele. “Njengoba sihambele lapha namhlanje sizocela ukusebenzisana nabantu bakithi ukuthi kumiswe ukushitshanisana ngemfuyo kuze kube yilapho sesikwazi ukulawula lesi sifo. Siyazi ukuthi abantu basemakhaya kulezi zifunda bathembele kakhulu emfuyweni ukulobola, ukudayisa imfuyo ezindalini nokwenza imicimbi yesintu, kpha siyabaxusa ukuba bakumise ukuhambisa noma ukushitshana ngemfuyo ukuze sikwazi ukusinqanda lesi sifo,” kusho uNkk Sithole-Moloi.



Mrs Bongive Sithole-Moloi
 MEC: Agriculture & Rural Development, KwaZulu-Natal

ISIFO SAMATELE

**Nganda ukubhebhethaka kwesifo samatele.
 Jova izinkomo zakho!!! TOLL FREE: 0800 000 996**



KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development



@KZNDARD

#PHEZ'KOMKHONO